



**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA,
UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-
NATAL UMNUZ B.H. CELE ENKONZWENI YESIKHUMBUZO
NGOLWESINE MHLAKA 8 JUNE 2006 EFOLWENI ENSIMBINI
NGO-10 EKUSENI**

Ngiyanibingelela nonke.

- Namhlanje sisenkonzweni yokukhumbula abantu abayishumi nanye abashone engozini enyantisa umzimba ngoLwesine olwedlule lapho kushayisane itekisi neloli empambanweni yemigwaqo u-M35 no-Old Main Road eSiphingo.

- Ngokusho kofakazi abebegibele elolini, umshayeli weloli uzamile ukubamba amabhuleki kodwa angasebenza (amabhuleki). Itekisi belinqamula emarobhothini liqhamuka ngasempumalanga libheke entshonalanga lizojikela eSiphingo. Iloli libe selishayisa seligibela isiqhingana lashaya irobhothi lase lishayisana netekisi.
- Ngenxa yomfutho wokushayisana, itekisi libe seligqamuka amalangabi kwasha kwangqongqa abantu abayishumi nanye bebhajwe ngaphakathi etekisini.
- Abanye abantu abahlanu abebesetekisini kukholakala ukuthi basindiswe ngumsizi womshayeli weloli.
- Ngelanga lenhlekelele ngazifikela mathupha endaweni yesehlakalo sabuye sahambela nalabo abasindile esibhedlela.
- NgoDecember 2005 (kuzokusa kube uNcibijane) kwashona abantu abangu-9 engozini yomgwaqo eyayibandakanya iToyota Camry, ikhumbi nebhasi emgaqweni u-R102 phakathi kuka-Old Main Road no-Saunders Road khona lapha eSiphingo.

- Ngithanda ukudlulisa amazwi enduduzo kuyo yonke imindeni elahlekelwe ngalesikhathi esinzima.

- Sikhalisana kakhulu nemindeni yalaba abalandelayo:
 1. Thembani Mzolo (43)
 2. Sizakele Mbhele (55)
 3. Thandani Mbili (56)
 4. Gugile Khuzwayo (49)
 5. Immelda Ngcobo (33)
 6. Siphesihle Gcaba (31)
 7. Muzikayise Dlamini (30)
 8. Philisiwe Sabelo (27)
 9. Diana Hadebe (56)
 10. Silindile Lembede (30)
 11. Ayanda Ngidi (18)

“Sengathi imiphefumulo yabo ingalala ngoxolo”

- Kubikwa ukuthi umshayeli weloli uphume wabaleka endaweni yesigameko kodwa amaphoyisa asaqhubeka nokuphenya ngale nhlekelele.

- Ukuphepha kwabantu bakithi ikona esikubhekelela kakhulu njengohulumeni.
- Ngalokho-ke ngiyaphinda nginxusa bonke abashayeli ukuba bahloniphe imithetho yomgwaqo ngoba uma kungenjalo bazobhekana nengalo yomthetho eqinile.
- Sengiphetha, mangisho ukuthi njengohulumeni sizohlale senza konke okusemandleni ukusiza imindeni noma ngayiphi indlela ngalezikhathi zobunzima.

Ngiyabonga.